<sup>89</sup> “Ungacabanga?” Bathi, “Lowo mfo odubekayo.” Babengakaze babelolutho olunjalo lusenzakala phakathi kwabo, liyazi, ngakho kwakungathi kuyimfundiso emangalalisayo kibo. Futhi yiso isizatho bengaKufumananga eMibhalweni, kwakungayisikho kwabo ukuKufumana. Kungakholeki kwabahlakaniphileyo, kungela sehlakalo esinjalo esake senzakala kibo. Akukholeki, kodwa kunjalo kwakuliQiniso. KuliQiniso, siyakwazi ukuthi KuliQiniso. Cabanga! Abaphendukayo bakaKhristu bakuqala lebandla lokuqala babengabantu bezimvu, hatshi abafundisi; abantu bezimvu, abelusi. Kungani abelusi?

<sup>90</sup> Nanzelela! Phandle bedumisa futhi bekhazimulisa uNkulunkulu ngalokho ababekubonile futhi bakuzwa, bezwa iziNgilosini zihlabela okwesikhathi sazo okwakuqala ebantwini. IziNgilosini zazingazake zihlabele emuntwini ngaphambili. Futhi khangela kumakwaya, ukuba bama kanjani futhi bafundiswa futhi bafundiswa lawo maphimbo, “babehlabela ekuzalweni kukaMesiya,” futhi bonke bedlulwa! Futhi iNgilosini zehla phansi

futhi zahlabela kubelusikazana bezimvu, hatshi belezigqoko zabafundisi, kodwa begqoke izigqoko zabelusi. Futhi khangela ukuthi ngubani owathola uMbiko wokuqala, kuyamangalisa.

<sup>91</sup> Futhi lapho okwanikezwa khona, hatshi emabandleni amakhulu, kodwa enkangala, phandle enkangala lapho iNgilosi yeNkosi eyabuya khona. Hatshi ebandleni, enkangala. Wayengemukeleki ngitsho lasebandleni. Babecabanga ukuthi Wayeyikho, futhi bacabanga ukuthi babeLakho, kodwa uNkulunkulu waKufakaza ukuthi kwakungayisikho. “Uyenelisa kulawamatsho ukuphakamisela abantwana kuAbrahama.” Kunjalo.

<sup>92</sup> Isikhathi sokuqala iNgilosi zahlabela emgubheni, kwakuseZulwini. Nxa ungakhangela kuJobe 38:7, (njengoba ngibona abanye benu lithatha amanothi), lapho uNkulunkulu eqala ukuhlela ekwenzeni indalo Yakhe yakuqala, umhlaba. UJobe wayengenkulu, indoda ekhaliphileyo, futhi waye layo yonke inhlobo yenhlakanipho. Wathi, “Lapho ngisiya emikambo, inkosana ezintsha, bonke bayakhothama phambi kwami, futhi nje befuna isikhatshana senhlakanipho yami.” Futhi wayengenelisi ukufumana ukuthi kungani wayephathwa ngendlela ayeyikho.

<sup>93</sup> Futhi-ke uNkulunkulu wambuza, wathi, “Zikhwice inkalo njengendoda, ngoba ngiyeza phansi ukuzokhuluma lawe.” Futhi lapho uNkulunkulu esehla esavunguzaneni, Wathi, “Jobe, wawungaphi ngingakabeki izisekelo zomhlaba? Lapho inkanyezi zokusa zihlabela ndawonye, futhi amadodana kaNkulunkulu amemeza ngentokozo, wawungaphi ngalesosikhathi, Jobe?” Futhi wapontsha ngalesosikhathi. “Wawungaphi?”

<sup>94</sup> Bona, isikhathi sokuqala iNgilosi zake zahlabela ekugubheni, kwakuseZulwini. Kodwa isikhathi sokuqala ezake zahlabela emhlabeni, kwakusebalusini ekuzalweni kukaNkulunkulu, uEmanuweli emhlabeni; abantu bokuqala abake bezwa iNgilosi ihlabela, kwakungabelusi abathobekileyo.

<sup>95</sup> Lapho sithatha abafazi bethu abalobuso obupendiweyo, inwele ezigeliweyo, begqoke okabhudula, futhi bayabuzele olunye uhlobo lwesembatho sebandla kubo, futhi sibasukumise futhi behlabele njengeyinye into, futhi-ke sicabanga ukuthi uNkulunkulu kumele alalele kulokho? UleziNgilosi ngaphetsheya-le ezingaMthokozisa kusukela i... Engakenzi umuntu. Uh-huh. Baphume phandle futhi baphile, futhi bagqoke impahla eziyisinengiso kuNkulunkulu, futhi ungakukhangelela njani lokho ukuba ngokukaNkulunkulu? Uthi, “Awu, ngingowe. . .”

<sup>96</sup> “Wawungaphi lapho ngibeka izisekelo zomhlaba? Ng iTshele lapho eNgazibophela khona. Ungaphi umphini ezibhoda kiwo? Wawungaphi khona-ke?” Ucabanga ukuthi uNkulunkulu

kumele asicele okunye kwenhlakanipho yethu. Inhlakanipho yethu iyibuwula Kuye. Uyenza lokho Athi Uzakwenza.

<sup>97</sup> Manje nanzelela, uNkulunkulu ulungiselela ukwenza enye indalo. Udala umhlaba ofayo, impilo efayo. INgilosi ziyahlabela eZulwini. Kodwa lapha Udala iMpilo entsha, iMpilo elaPhakade emuntwini, futhi Uyahlabela ezikhonzini Zakhe ngeZingilosi; emhlabeni, hatshi eZulwini. Izulu lalileMpilo elaPhakade. Bona? Futhi Wahlabela . . . bahlabela emaZulwini, lapho indalo yenyama ingena; futhi lapha indalo engafiyo iyangena, futhi manje zihlabelela ebantwini basemhlabeni. Isikhathi sokuqala, kubelusi. Kuyamangalisa, akusikho na?

<sup>98</sup> Wayeqale indalo entsha. Kwakuyini? Indalo yeSibisakhe. UNkulunkulu wenziwa waba yinyama futhi wahlala phakathi kwethu. Lokho . . . IBhayibhili lathi, “Ekuqaleni kwendalo kaNkulunkulu.” UNkulunkulu wadalwa esimweni somuntu; kuJesu Khristu, iNdodana Yakhe, uNkulunkulu wahlala. Wakha ithabhanekeli Lakhe lenyama lamathambo, futhi wahlala kulelo thabhanekeli; UNkulunkulu, u*Emanuweli*, “UNkulunkulu ulathi.” Wazakhela indlu Sibisakhe, ukuphila kiyo, ukuze Abonakalise iLizwi Lakhe ezikhonzini Zakhe ngalokho. Liyakwazi lokho uNkulunkulu ayikho, lapho ubona uKhristu.

<sup>99</sup> Khumbula, kuhlezi kulokuhlabela ekuzalweni kwenkosi. Bangaki abakwaziyo lokho? Yebo sibili, liyakwazi. Awu, manje, ucabanga ukuthi nxa liNkosi yayingabe izelwe phansi lapho, umfazi wayengabe wabuya egijima phakathi ebandleni elikhulu kwenye indawo, futhi wathi, “Lungisani umbheda khona masinyane, futhi uthathe odokotela, ngoba ngizaletha uEmanuweli emhlabeni”? Umfazi ohawulayo ophuma eNazareth, idolobho eliphansi, u . . . elibi ukwedlula iTucson kumbe amanye awo wonke, kukanti lumfazi omncinyane ubuya egijima lapho kumpristi omkhulu futhi wathi, “Ngi—ngilungiselela ukuzala uEmanuweli.” Babengamphosela entolongweni. Ngeqiniso babezakwenza. Ngeqiniso babezakwenza. Ngenkohliso enjalo njengaleyo ezalethwa ngaphakathi kwabantu bakhe, wayengeke akumele. Lalamuhla wayengeke akwenze. Kodwa into nje iyenakala, ngokufanayo nje.

<sup>100</sup> Nanzelela, kumele kube lokuhlabela. Amakhosi aye . . . Wayengasoze ahlatshelelwe. Abantu babengeke baMhlabelele, ngoba abazange baMkholwe. Futhi yiso isizatho, nanku kusiza, kungangcono ukuthole, yiso isizatho lamuhla ukuthi abantu balamahloni ukudumisa uNkulunkulu, balamahloni ngoKhristu! Amabandla amakhulu awangeke amukele uBhaphathizo lukaMoya oNgewe, bahlaliseke kakhulu endleleni yabo yobufundisi ukuthi kabayi kuKwamukela. UNkulunkulu uzakufumana omunye umuntu Angathola udumo

ngaye. “Uyenelisa ngamatshe ukuphakamisela uAbrahama abantwana,” njengoba ngicaphuna uJohane njalo.

<sup>101</sup> Nanzelela, izikhonzi Zakhe kumele ziMhlabelele. Futhi izikhonzi Zakhe ngalesosikhathi kwakuziNgilosi Zakhe, futhi zahlabelela abelusi Bakhe abezakuthatha uMbiko Wakhe.

<sup>102</sup> Ngubani okufanele aWuzwe kuqala? Yebo, izikhonzi Zakhe. Yibo abazakuzwa ukuhlabelela kweNkosi kuqala, kungaba yizikhonzi Zakhe. Futhi zazi yini izikhonzi Zakhe? Ngathi kuyamangalisa, akunjalo na, bazalwane? Kwakungayisibo bafundisi Bakhe. Kwakungayisizo izazi zenkolo. Kunjalo. Kwakungayisibo abantu benhlanganiso yesonto. Hatshi, kwakungabelusi. Ngani? Kwakulemvu ezelweyo, yiso isizatho. Bona? Izikhonzi Zakhe zakuzwa, uNkulunkulu wazi ukuthi bazakholwa. UNkulunkulu wathumela uMbiko Wakhe kulabo abangaWukholwa. Uyinhlanipho yonke; Uyakwazi lapho okokuthumela khona uMbiko Wakhe, lalowo ozaWukholwa. OPhezu konke waseZulwini ethunyelwe emuntwini ophansi kakhulu emhlabeni.

<sup>103</sup> UJesu wathi, kuMathewu 5, “Babusisiwe abayanga emoyeni, ngoba ungowabo uMbuso waseZulwini.” UMariya, phakathi. . . Nxa liyibhala iMibhalo phansi, lowo nguMathewu 5. Futhi nxa ubhala iMibhalo phansi. . . Yikho engikubhalileyo lapha, yiMibhalo.

<sup>104</sup> UMariya wathi, kuLukha 1:52, lapho egcotshe nguMoya, uMoya oNgcwele uphezu kwakhe, Wathi, “Ubaphakamisile abantu besimo esiphansi.” UMariya wakhuluma lokho, umama kaJesu, wathi, “Ubaphakamisile abantu besimo esiphansi.”

<sup>105</sup> ULukha njalo wathi, “Abantukazana baMuzwa ngokuthokoza.” Hatshi i—iqembu elikhethekileyo, i—izazi zenkolo, odokotela bomthetho labezenkolo; kodwa abantukazana baMuzwa ngokuthokoza, abantu besimo esiphansi.

<sup>106</sup> Kuyo yonke iMibhalo engcwele, uMbiko wokuhlelwa uphiwe ngabelusi langezimvu.

<sup>107</sup> Manje sokumele ngibuye ekuvaleni, ngoba sesifika esikhathini sokuvala. Ngiyeqa iMibhalo eminengi ukuze nje ngilifikise kulumcabango.

<sup>108</sup> Kuwo wonke uMbhalo, ukuhlelwa kwafanekiswa ngabelusi lezimvu. Kunjalo. Sonke siyavumelana kulokho. Ngani? Kwakusethunzini lomfanekiso. Futhi loba yini. . . Nxa ngangakaze ngibone isandla sami, futhi ngakhangela phansi lapha ethunzini lesandla sami, futhi ngibone ngangileminwe emihlanu, ngangizakuba kwazi ukuthi kwakukhanyisa; ithunzi lalikhanyisa okuqotho. Futhi yiso isizatho uMbiko wawuhlezi usiza ku. . . ukuhlelwa ngemvu, ngoba kusukela ekuqaleni sibili. . . Futhi kwakungezimvu, langabelusi, ukuthi waZembula Sibisakhe. Konke kwakungamathunzi lemifanekiso.

109 Manje kasikhangeleni ekuqaleni. UAdamu loEva, bemile lapho ebukhoneni bukaNkulunkulu ukuzwa uMbiko Wakhe kibo, babembathise ngokungaba sokhalweni lwabo isikhumba semvu. UMBiko wokuqala owake wazwiwa, waphiwa phezu kwesigogo semvu efileyo, leyo uNkulunkulu ayeyibulele futhi wagoqela uAdamu loEva kiso. Emva bezame ukwenza inkolo yabo yamahlamvu omkhiwa, ayizange isebenze. Umhlatshelo wemvu wabekwa ukwenzela inhlawulo kusukela khona ekuqaleni, umhlatshelo wemvu.

110 Manje, sizakuvala lokhu manje, futhi ngilitshengise kungani kwakumele kube ngabelusi; futhi kungani kwakumele kube njalo, Wayemele abe yimvu.

111 Manje, abaprofethi beThestamente eliDala bazembathisa ngezigogo zezimvu (siyakwazi lakho, uh-huh), kutshengisela ukhoho lwabo eLizwini Lakhe lokubuya kweWundlu elipheleleyo. Yikho abaprofethi.

112 Manje, iLizwi likaNkulunkulu kalibuyi kusazi senkolo, akula...u—unguye oKuxubanisayo. Kunjalo. Akulanto enjalo ethi...Wena usithi, “Awu, lindoda yisazi sezenkolo.” Lokho kumusa khatshana kakhulu laseLizwini kuloba yini engikwaziyo. Bona? ILizwi leNkosi uNkulunkulu, uNkulunkulu ongaguqukiyo, aliguquki. Loba ngaphi eBhayibhilini, iLizwi likaNkulunkulu lihlala libuya kubaprofethi. Hatshi kuzazi zenkolo kumbe odokotela, kubaprofethi! Futhi bahlezi, isikhathi sonke, besaliwa futhi belahlwa.

113 Abaprofethi ngokuvamileyo babengabelusi labo. Abaprofethi babezembathisa sibusabo ngezikhumba zemvu, ngoba bagqoka isikhumba semvu ababeyelusa. Futhi umbiko wokuqala, ku—ku—kusizukulwane esilahlweyo, wawuphezu kwezigogo zemvu. Abaprofethi, ngiyatsho njalo, babegqoka izigogo zemvu bezithandele sibusabo, ngoba babefakaza ngalokho, ukuthi babekholwa ukuthi kwakusiza iWundlu elipheleleyo okwalowomhlatshelo. Futhi iLizwi likaNkulunkulu labuya kibo phezu kwezigogo zemvu. Laba abelusi... kumbe abaprofethi laba ngokuvamileyo babengabelusi. UAbrahama wayengumalusi. UIsaka wayengumalusi. UJakhobe wayengumalusi. UMose wayenguMalusi. UDavida wayengumalusi. Bonke abameli bakaNkulunkulu ngokuvamileyo babengabelusi.

114 Manje sizakufumana ukuthi kungani kusiza kubelusi. Babesazi ukuthi imvu kayila kuzisiza ingela malusi ukuyihola. Ba...imvu kayila sizo ngokupheleleyo, ayingeke izihambele sibusayo. Yiso isizatho uNkulunkulu wafanisa abantwana Bakhe abakholwayo kuzimvu. Kufanele baholwe. Kodwa khangela lokho okukukhokhelayo! Ungathathi imbuzi, izakuhambisa esilaheni. UNkulunkulu akazange asinike imbuzi, Wasinika iNdodana Yakhe (uMoya oNgewe) ukusihola. UnguMholi

wethu, hatshi abelusi abenziwe ngabantu, kodwa umalusi onikezwe nguNkulunkulu owondla izimvu ngokudla kwezimvu.

<sup>115</sup> Manje, ungathatha ingulube, futhi uthi kulingulube, “Ngizakwenza ube liwundlu.” Futhi uyigezise. Futhi upende inkumba yayo, lo—lokunjalo. Futhi umnike ukudla njengemvu, umnike olunye uhlobo lo—lokudla. Futhi umbeke phandle esibuyeni kumbe phandle e...lapho u—umhlambi wezimvu, ensimini ye-alfafa kumbe enye into. Futhi nxa kulegodi lodaka loba ngaphi, leyongulube izahamba iqonde nje kulelogodi lodaka ngamandla angabalawo. Bona? Ngani? Kungenxa yokuthi imvelo yakhe ilokhu iyingulube.

<sup>116</sup> Futhi yiso isizatho amalunga ebandla, lamuhla, engena ezintweni zomhlaba, bona, kungenxa yokuthi imvelo yabo kayakaguqulwa. Bayakudla loba yiluphi uhlobo lobufundisi, ingxovangxova yesayensi yenkolo, kodwa iLizwi likaNkulunkulu abangeke baLimele. Bayangena futhi balalele eLizwini . . .

<sup>117</sup> Liyazi, umzenzisi omkhulu emhlabeni, liwabayi elidala. EBhayibhiloni, kwakulamabili aphunyiswa emkhumbini. Iwabayi elidala laphuma futhi kalizange liphenduke, ngoba lilinqe, umthuthambi. Lahlala emizimbeni yezidumbu ezifileyo futhi lagcwalisa isisu salo ngezidumbu ezifileyo. Kodwa lapho ekhuphela ijuba phandle, ijuba lalingenlisi ukumela lelophunga, ngakho labuyela endlini kaBaba lakuNowa, latshaya emnyango uNowa waze walingenisa.

<sup>118</sup> Manje, iwabayi lingahlala phandle lapha futhi lidle ibhiza elifileyo, usuku lonke, futhi liphaphele phandle lapho ensimini futhi lidle intanga ndawonye lejuba. Kodwa ijuba alingeke liphaphele khonale futhi lidle ibhiza elifileyo, futhi-ke lidle intanga; kungalibulala. Bona, ijuba kalilanyongo, futhi alingeke likugaye.

<sup>119</sup> Futhi lapho loba liphi ijuba likaNkulunkulu, loba liphi ijuba kumbe imvu edla iLizwi, inyamazana ehlanzekileyo, lapho usiya ukubanika izinto zomhlaba, bayakwazi iNkosi yabo yathi, “Lowo othanda umhlaba kumbe izinto zomhlaba, uthando lukaNkulunkulu kalukho ngitsho kuye.” Umnike into ephikisana laleloLizwi likaNkulunkulu, angeke akumele. Kodwa udeveli engathatha Lokho lomhlaba futhi, futhi akubize konke okukaNkulunkulu. Awungeke uhlanganise amafutha lamanzi, akusoze nje kuhlangane.

<sup>120</sup> Bona, bonke laba abelusi, bayazi ukuthi imvu kayilasizo ingelamalusi. Futhi babengabelusi, futhi bazi ukuthi kufanele aholwe.

<sup>121</sup> Kulusizi bani oluyilo ukubona, lamuhla, ukuthi bazama ukunika izimvu ukudla, ingxovangxova. Kodwa imvu kayingeke ikudle. Hatshi, mnumzana! Bona, babezama ukunika izimvu ukudla, emuva khonale, ingxovangxova. Futhi lapho iLizwi



lisiza, babejwayele kakhulu ingxovangxova, abazange babelazi iLizwi. Futhi yikho okuyikho lamuhla, lapho into efanayo iqiniswa futhi yafakaza ukuthi uNkulunkulu uzakwenza into ethile. Khona-ke bajwayele ingxovangxova kakhulu, futhi bondliwa ngengxovangxova, uze u...awu, akula kukhuluma kibo, abasoze baKulalele, yikho kuphela. Inja...iBhayibhili lathi, “Njengenja ibuyela emahlanzweni ayo, lengulube odakeni lwayo, labo benza njalo.”

<sup>122</sup> Bazwa iLizwi, futhi babuyele khona odakeni oludala olufanayo! Futhi uthi, “Ah, Yikudlulisa amalawulo. Lingakholwa izinto ezinjalo.”

<sup>123</sup> Nkulunkulu...izimvu ziyenza okufanayo lamuhla, kumele zithembe ekudleni kweLizwi. Kaziyikuthatha okunye ukudla. Awungeke ubaphe ukudla kwesifundisi, imvu eqotho. Hatshi! Hatshi! Ungaya ukubatshele, “Manje khangelani, sonke sizakuba ndawonye. Manje, uJesu wakhuleka ukuthi sonke sibe ‘munye.’” Lezwa nje into efanayo eTucson kungasikude, insuku ezinlutshwana ezedluleyo, kodwa kungamanga! UJesu kazange akhuleke...Wenza kanjani Yena...Ungenza kanjani iLizwi ukuba lizicale Sibisalo, liziphendukele lona Sibisalo? Khona-ke uNkulunkulu akudluli omunye umuntu.

<sup>124</sup> UJesu wathi, “Ababili bangahambisana njani ngaphandle kokuthi bavumelane?” Uzakuthatha njani amaMethodisti, Baptisti, Presbyterian, leKatolika, futhi likuphosele ndawonye futhi kube kunye? Lingaba munye ngaphansi kwenhloko yomuntu, kodwa uJesu wathi, “Ukuthi bengaba munye ngengokuba—kuba *Mina Lawe* simunye.” Manje, Ufuna sonke sibe munye Kuye okuyiLizwi! Ameni! Nanko lapho, “Munye loBaba.” Futhi uBaba yiNdodana, yinto efanayo. Futhi yiLizwi elifanayo, iLizwi libonakalisiweyo, lizibonakalisa Sibisalo kulolusuku njengalokho Elakwenzayo kuloba yiluphi usuku, ukuze libe munye.

<sup>125</sup> Nanzelela, Wathi, “Njengoba uBaba eNgithumile, ngakho Lami Ngiyalithuma.” UBaba owaMthumayo, wangena Kuye ukuqinisa iLizwi. Futhi uJesu ofanayo lowo othuma abantu Bakhe, ungena ebantwini labo Abathumayo; futhi esithi, “Imisebenzi eNgiyenzayo, lizakuyenza lani.” Sibili, Wakhuleka ukuthi sibe munye; munye kanye Laye, hatshi ukuba munye lenhlanganiso. Hatshi munye lohlelo, kodwa munye loNkulunkulu. Ngoba uNkulunkulu eLizwini Lakhe Munye, futhi uJesu loNkulunkulu babeMunye, futhi wena lami leLizwi kumele sibe munye. Kunjalo. Kumele sibe munye ekuvumelaneni leLizwi. Hatshi lokho omunye umuntu akutshoyo, lokhu kayisiyo ngcazelo yangesitha. LiThathe, lokho eLikutshoyo, futhi uLikholve; futhi uNkulunkulu uzaLiqinisa, futhi afakaze ukuthi Liqondile. Ucabanga ukuthi Lingelabafundi kuphela, thatha iLizwi Lakhe ngakho, hamba uyekuzama kanye futhi

ubone. Uzafumana ukuthi kuzakukusebenzela ngokufanayo njengoba Wathembisa. Yebo, mnumzana!

<sup>126</sup> Abangeke badle ingxovangxova, kufanele babe lokudla kwezimvu. UJohane oNgcwele 10 uyakutsho lokho, “Izimvu zami ziyalazi iPhimbo Lami.” Futhi nxa EyiLizwi, khona-ke luhlobo bani lwePhimbo Alalo? “Izimvu zami ziyalazi iPhimbo Lami, abemzini aziyi kubalandela.” Bona? UJesu wathi, “Iphimbo elingaziwayo abayi kulilandela.” Ngakho, izimvu Zakhe kazilandeli iphimbo lowemzini. Kaziyi kubalandela.

<sup>127</sup> Abaprofethi, abelusi, lezimvu, bonke bafakaza ngokubuya.

<sup>128</sup> Manje bona uNkulunkulu ongaguqukiyo kumacebo Akhe angaguqukiyo eLizwi Lakhe lolusuku. Manje cabanga nje imizuzu emilutshwana: iLizwi elingaguqukiyo.

<sup>129</sup> Manje khangela! Nxa—nxa uMose wayengabe ebuye lombiko kaNowa, kwakungasoze kusebenze. Nxa uJohane umBhaphathizi wayengabe ebuye lombiko kaMose kwakungasoze kusebenze. Nxa uJesu wayengabe ebuye lombiko kaMose kumbe okaNowa, kwakungasoze kusebenze. Futhi uWesley wabuya lombiko kaLuther, kwakungasoze kusebenze. Nxa iPhentekhosti ibuya lombiko kaWesley, kwakungasoze kusebenze; sikuzwile nje lokho kufakaza. Manje, uNkulunkulu uyaqhubeka nje ehamba. Khangela nje iLizwi, uyabona lapho esikhona.

<sup>130</sup> Khona-ke kungani isimemezero sokuqala sabelusi singazange...Nxa bonke laba abaprofethi, wonke lawa amadoda amakhulu ayengabelusi, khona-ke kungani uNkulunkulu (Lowo ongaguqukiyo) aguqule indlela Yakhe khona lapha, futhi aKulethe kuzazi zenkolo? Kwakungabelusi. Ukufika kweWundlu elipheleleyo, umhlatshelo wesono, kufanele ubuye kumalusi.

<sup>131</sup> Umalusi uyazi izimvu zakhe ngcono ukwendlula omunye umuntu. Akula owazi imvu njengomalusi, ufundiswe kikho. Njalo uyazi ukuthi luhlobo bani lokudla ezaludla. Ba...wazi ukuthi izimvu zizakudlani, futhi uyazi izimvu zakhe ngalokho ezikudlayo. I...Ungabona imvu iphuma ihambe egodini lengxovangxova futhi iqale ukudla ingxovangxova, uzakuthi, “Susa lowo mthuthambi.” Bona? Ngakho uNkulunkulu wayesazi lapho okokubathumela khona.

<sup>132</sup> Manje kasibizeni omunye wabomelusi-mprofethi bakaJehova, ukuqinisa ukuthi uNkulunkulu wayekulaba abaprofethi ngaphansi kwesikhumba semvu. Khangelani manje. Sizakubiza, kuqala, uMose. Kasimkhangeleni. Inkonzo yakhe izasitshengisa uJehova eKumalusi-mprofethi. Manje, sizakuthatha mhlawumbe oyedwa, nxa silesikhathi, okwemizuzu engabalitshumi elandelayo, sizathatha ababili babo, kodwa mhlawumbe lowu uzakube eyenele.

<sup>133</sup> UMose; uJehova uyazitshengisela Sibusakhe lapha, kulumalusi-mprofethi. Waphiwa iziphondo ezintathu ukuqinisa inkonzo yakhe futhi ebizela abadala bakoIsrayeli, futhi lakuFaro. Nanzelela lumalusi-mprofethi, manje. Wanika, izikhathi zonke, abaprofethi Bakhe, isibonakaliso sikamoya, ukuqinisa ukuthi kwakunguNkulunkulu kibo; ngoba akungeke kube lobukhona bukaNkulunkulu kungelazinto zikamoya ezenzakalayo. UJehova kazake abonakale engela okukamoya okuMlandelayo. Kumele kubenjalo. Ngakho Uhlezi eziqinisa Sibusakhe ukuthi Wayekanye lalaba abaprofethi, ngokuqinisa lokho ababeprofetha ngakho, nxa kwakungeLizwi Lakhe.

<sup>134</sup> Manje, isibonakaliso sokuqala—sokuqala Asipha ku... lumalusi ongumprofethi (khangela), waphendula intonga yakhe yaba yinyoka.

<sup>135</sup> Okwesibili, isandla sakhe saphenduka saba yibulephero.

<sup>136</sup> Okwesithathu, ukuthatha amanzi eMfuleni uNile eGibhithe, futhi waphendula abaligazi.

<sup>137</sup> Manje, Wamnika izibonakaliso ezintathu ukuqinisa eGibhithe, lakuIsrayeli, ukuthi wayeyiLizwi likaNkulunkulu elakhulunywayo.

<sup>138</sup> Manje, khumbula, uMose wabizela ekuthini kudaleke! Kunjalo. Wachupha itshebetshebe futhi waliphosela phezulu emoyeni, futhi wathi, “Indwebundwebu mazibuye,” futhi indwebundwebu zabuya. Wathi, “Makuthi impukane zibuye,” lempukane zabuya. “Makuthi amaxoxo abuye,” lamaxoxo abuya. Waletha ekuthini kudaleke! Manje, umuntu angeke adale, kodwa kwakungasuye muntu kwasekuqaleni. KwakunguJehova kumprofethi-malusi Wakhe! Ameni!

<sup>139</sup> Khangelani! Isibonakaliso sesithathu Amnika sona sasingahambelani lomsebenzi wakhe, futhi sasingahambelani lobuntu bakhe; isibonakaliso sakhe sesithathu. Nanzelelani, izibonakaliso ezimbili zokuqala zazimayelana laye, sibusakhe lomsebenzi wakhe. Futhi ziyizibonakaliso ezimbili kuphela iBhayibhili elizitsho ukuthi “zazilephimbo.” Esinye isibonakaliso sasingelaphimbo. Kodwa izibonakaliso ezimbili ezanikwa kusuka ebuntwini bakhe uqobo, lasebantwini bakhe, zazilamaphimbo. Kodwa isibonakaliso sesithathu, manje nanzelela, sanikwa... isibonakaliso, isibonakaliso sesithathu, kwakuyisibonakaliso sokufa: amanzi ephenduka esiba ligazi. Nxa elakho—nxa elakho—nxa igazi lakho lingaphenduka libe ngamanzi, khona-ke uzakufa. Futhi lapho okulegazi khona, igazi elachithiweyo, yisibonakaliso sokufa; ngakho kwakunjalo kuFaro. Esesithathu kwakuyikuphendula amanzi eNile abe ligazi, kwakuyikutshengisa—ukutshengisa uMbiko wakhe kuFaro ukuthi uNkulunkulu wethu nguNkulunkulu phezu kweNile, phezu kukankulunkulu weNile. UnguNkulunkulu phezu kwento yonke, futhi Uzakuletha ukufa kulesosizwe.

Futhi yikho lokho isibonakaliso segazi esasiyikho. O, minabo! Isibonakaliso esiqondileyo sokufa: igazi!

<sup>140</sup> Kodwa ezinye ezimbili zazilamaphimbo esiprofethi. (Ngi—ngi—ngithemba liyabala manje, phakathi kwemizila, lokwa engikutshoyo.) Kodwa ezinye izibonakaliso ezimbili zazilamaphimbo esiprofethi kuIsrayeli mayelana ngekusasa yabo. (Manje kini elaliphezulu entabeni kungasikude, lapho idwala liphoselwa phezulu.)

<sup>141</sup> Manje, futhi ehamba... wayezakuphendula imvelo, ukukwenza kubasebenzele. Khangela isigodo, khangela inyoka, khangela uLwandle oluBomvu, futhi loba yini lokho Akwenzayo, manje. Khangelani leyontonga kamalusi ibenzela indlela ukuba bahambe. Leyontonga eyayayisesandlelni sikamalusi, yedlula konke okwesayensi yenkolo lazo zonke izinto abapristi ababezikhulumile, futhi leyontonga kamalusi yabakhokhela khona phansi ezintweni zonke ezingenzekiyo emuntwini. Lapho uFaro ezama ukucabanga ukuthi impophoma zadubuka ezintabeni futhi zaphosa amanzi khona-ke awenza apheleka aba ligazi, khona-ke uNkulunkulu wanisa umlilo uvela eZulwini, Futhi wanisa isiqhotho sivela eZulwini, futhi Wa—futhi Wanisa intwala emhlabeni, lazo zonke izinto.

<sup>142</sup> Kuyini Akwenzayo? Ngentonga yomalusi, hatshi i—ibhuku lesifundo, hatshi imicabango yesazi senkolo, kodwa intonga yomalusi! Siyeza kukho ngomzuzu; intonga yomalusi, Wakwenza. Hatshi i—ibhuku lomthandazo lenhlanganiso yesonto, kodwa intonga yomalusi. Intonga kamalusi ihola izimvu zakhe, isenza indlela ibe sobala lapho behamba besiya eLizwini elathenjiswa elizweni. Kuyinto enhle kanganani okuyiyo lamuhla yeNtonga kaMalusi, lamuhla, ehola izimvu Lakhe eLizweni leSithembiso; esedlula yonke isayensi yenkolo lakho konke okunye kwalumhlaba, lezinto zomhlaba, lenhlanganiso zamasonto, yonke into; evula indlela, futhi efakazela iLizwi Lakhe ukuba liQiniso; iNtonga kaMalusi isiya phambili.

<sup>143</sup> Futhi nanzelela, leyontonga kamalusi efanayo eyayihola izimvu... Liyakukholwa lokho na? Ngeqiniso wahola izimvu, wabakhuphela phandle kweGibhithe laleyontonga esandleni sakhe. Singakhuluma okunengi ngakho. Kodwa ukutshaya isiqokoqela sakho, wahola izimvu futhi wathumela ukwahlulelwa phezu kokwaliwa Kwayo! Intonga efanayo eyaba yisibusiso komunye, yaba yisiqalekiso kwabanye. Amanzi afanayo okutshumayela kukaNowa amsindisayo, walahla umhlaba. Intonga efanayo eyakhokhela uIsrayeli elizweni lesithembiso, yalahla labo abayala ukulandela umprofethi-malusi. Kunjalo, yaba yintonga yokwahlulela.

Imvelo; nanzelela ukuthi uNkulunkulu ukhuluma kanjani emvelweni Yakhe. Aluba nje besilesikhathi. Ngibhale inothi

lapho: UNkulunkulu ekhuluma emvelweni Yakhe. Asila sikhathi sokukufakazela.

144 Kodwa efakazela ngemuva, ngenyoka yethusi phezu kocijo lukamalusi wezimvu (owagoqela linyoka ngalapho, enkangala), lokhu kukhuluma ngenhlawulo yeqiniso ezafikela umkhuhlane lesono.

145 Leyontonga sibisayo yaphenduka yaba yinyoka phambi kukaFaro, loFaro ofanayo wazama ukulingisela ngabamasalamusi. Futhi kunjalo ngaboFaro besimanjemanje balamuhla labazenza amakholwa, labalingiseli benyama boMbiko, bazama ukulingisela into efanayo bengakwazi lapho okuvela khona; futhi baKuphosele kweyinye into yenhlanganiso yesonto, lapho Kukhululeke kukho njengalokho umoya oyikho ekuvalweni esibayeni. Sibili! Kodwa bezama ukulingisela, ukwenza isilingiselo.

146 Kodwa, nanzelelani, lintonga kamalusi efanayo yadla ezinye inyoka. Zazingaphi lezonyoka? Kwakuzintonga esibuyeni, futhi kwakulentonga eyodwa kuphela eyadojwayo. “Konke izulu lomhlaba kuzakwedlula,” watsho uJesu, “kodwa iLizwi Lami alisoze.” Khuluma ngenhlawulo yeqiniso ibuya ngenxa yesono.

147 Njalo, ikusasa kaIsrayeli yanikela... futhi lapho engakhuluma ngoIsrayeli, manje kwelakusasa... Lapho banikwa inkululeko ebugqilini bokufa ngomprofethi-malusi. Bakhutshwa ebugqilini ngomalusi ongumprofethi ngentonga. Bona? Kwakukhuluma ngoMkhululi kaIsrayeli ozayo, kusuka ekufeni lesihogo, ngoMalusi-Mprofethi esizakhuluma gaye.

148 Manje, kukho konke lokho... konke njengoba sisazi uIsrayeli, kazange amukele iLizwi likamprofethi-malusi, bonke abakoIsrayeli kazange bakwamukela Khona. Manje, nanzelela, babekhonona. “O,” lapho esenza izimangaliso, “wayengumfo omkhulu,” kodwa lapho kusiza eMbikweni wakhe, “lokho kwakwahlukile.” Zonke izibonakaliso ezinkulu zilandela umbiko omutsha usiza. Siyakwazi lokho. Enkangala bakhonona, enkangala, futhi bafa ngezinkulungwane. Ngempela, kwakungela kuphela ababili babo abadlulayo abasindiswayo phakathi kwezigidi ezimbili lengxenye, ababili phakathi kwezigidi ezimbili lengxenye.

149 Wena uthi, “Lokho... Kuyini okwenzakala kibo?” Kabasekho laPhakade.

150 “Bonke babo, Mfowethu Branham?” UJesu watsho njalo.

151 Bathi, “Obaba bethu badla iMana enkangala, futhi banatha eDwaleni.”

152 Futhi Yena... UJesu wathi, “Futhi bona, bonke, bafa,” Behlukanisiwe okulaphakade, bona, bonke.

153 Nanzelelani bakhonona ngendlela enikezwe nguNkulunkulu, kwakuyisizatho bafa. (Manje, lalélisisani,

lingeqi lezizitsho ezinlutshwana zokucina.) Bakhonona! Kuyini okwabenza bafa enkangala, bakhonona ngendlela kaNkulunkulu enikiweyo: ngoMbiko womuntu oyedwa, umprofethi, ubukhokheli bomuntu oyedwa. Ngitshela lapho uNkulunkulu ake wasebenzisa iqembu ukukhokhela. Awusoze ukufumane eBhayibhili. Umuntu oyedwa, ba... ILizwi leza kuMose!

<sup>154</sup> UKhora; sonke siyazi ukuthi wa—waziqoqa sibisakhe futhi wakhonona ngoNkulunkulu kungayisikho ukuba nje, ukwenza into enjengaleyo, ukwenza umuntu oyedwa ngoMbiko. Wathi, “Sonke singewele. Kungani singabi lenhlanganiso yesonto? Futhi kungani singabi... sibeke *lokhu*, futhi senze *lokhu*, futhi senze *lokho*?”

<sup>155</sup> UNkulunkulu watshela uMose, “Zehlukanise kuye, seNganele ngakho.” Futhi khumbula, uJuda ukhuluma into efanayo, ensukwini zokucina. Kunjalo, “Babhubha ekuphikeni kukaKhora.” Siyazi njalo lokho okwenzakalayo kuKhora la—labanye bonke labo abasola iLizwi likaNkulunkulu lenhlanganiphlo kaNkulunkulu yalokho kukhokhela komuntu oyedwa: bonke babo babhubha.

<sup>156</sup> Manje, sizananzelela uNkulunkulu ekumalusi-mprofethi, etshengisa amacebo Akhe aphambili kuphimbo lesibonakaliso elilandelayo. Manje, khangelani. Siyakubona khona *lapho*, manje kasikukhangeleni kusibonakaliso esilandelayo.

<sup>157</sup> Manje, nanzelela, wathunyelwa kubafowakhe ebugqilini, ngaphansi kobugqili, eloMbiko wokukhululwa, lesibonakaliso esiphiwe nguNkulunkulu ukufakaza izitsho Zakhe. UIsrayeli walanda uMbiko wakhe, baWukholwa, bonke, kodwa ngesikhathi santambama... Balanda izimangaliso zakhe, kodwa ngesikhathi santambama lapho be... wapha uMbiko wakhe, “Wawahlukile.” Bonke abangazange bakholwe lowoMbiko, bafa. Kunjalo. Wawuyini uMbiko? UMbiko wawungowokwahlulelwa okwakusiza. Ntambama, ngesikhathi santambama, uNkulunkulu wangena esihonqweni sikaIsrayeli ukufumana uba abantu babekholwe uMbiko kamalusi-mprofethi Wakhe; futhi bonke abangaKukholwanga, babhubha.

<sup>158</sup> Manje nanzelela, sizakuletha kuMalusi oMkhulu nje ngesikhatshana esilutshwana. Bona? Nanzelela inkonzo kaMalusi-Mprofethi oMkhulu. Wezimanga Zakhe, lonke ibandla lavuleka lalizakumamukela Yena. Babefuna abagulayo babo basiliswe. Babefuna ukwenza izinto ezinkulu. Udumo lwakhe lwalulukhulu. Kodwa lapho isikhathi santambama sisiza, ngolunye usuku emva Esephendule amanzi aba ywayini, futhi wondla izinkulungwane, isinkwa, futhi wayeyenze izimanga, Waqala ukuhlala phansi lokukhuluma labo. Futhi Wathi kubo, “Mina loBaba Wami simunye. Kungani usithi wena, ‘Sitshengise uBaba?’”

159 “O, mfowethu! Lindoda izaenza sibisayo ilingane loNkulunkulu?” Lokho kwakukunengi ekucabangeni kwabo kwesifundisi. Kodwa kwakuliQiniso, Wayeyikho! Bona? Kodwa lapho bekwenza, abanengi abazange baMlandele.

160 Khona-ke Wasetshibilika futhi wathi, “Ngaphandle lidle iNyama yeNdodana yomuntu, futhi linathe iGazi Lakhe, kalilaMpilo kini.”

161 Manje, ungacabanga ukuthi okhaliphileyo, umuntu ohlakaniphileyo wayengacabangani? Ngiyacabanga abapristi ababebeLaye ethempelini ngempela babe—ngempela babeyangeka ngo—ngokuba Laye lapho. “Ukucabanga ukuthi umuntu angaphakama futhi atsho into enjalo, ‘Ngaphandle lina bantu lidle iNyama Yami, futhi linathe iGazi Lami.’” Wathi, “Lowu ngumuntu onatha igazi labantu, bona, ‘Dlana iNyama Yami futhi unathe. . .’ Ngani, udla inyama yabantu. Lina bantu elicabanga kahle liza. . . lizasuka kuloluhlanya olunjengalolo.”

162 Akazange aKuchalise, WaKutsho nje! Wakwenza ukubakhuba, ukwehlukanisa izimvu Zakhe embuzini. Wakwenzela ukuthi abalahle. Futhi-ke kwakungela muntu owayefuna ukusebenzelana Laye. Babengela kusebenzelana kusukela lapho kusiya. Bona?

163 Nanzelela, ngesikhathi santambama, uNkulunkulu wangena phakathi kwezinkamba futhi wabona ababekholiwe. Futhi Wenza into efanayo ngensuku zikaMalusi oMkhulu. Nanzelela inkonzo kaMalusi-Mprofethi oMkhulu, kodwa nanzelela lokhu, kumakholwa oMbiko Wakhe, kodwa hatshi. . . LuMbiko wantambama, babengelakuWukholwa. Babengelakukholwa ukuthi WayenguNkulunkulu. Babefuna ukuMenza umuntu omuhle. Babefuna ukuMenza umprofethi. Wayeyindoda enhle, futhi Waye nguMprofethi, kodwa Wayesedlula lokho. Leyo yimfundiso ejwayelekileyo lamuhla, ukuthi “Uyindoda elungileyo, wayengumprofethi.” Wayengasilutho olusilela uEmanuweli! Waye nguNkulunkulu ebonakalisiwe kuJesu Khristu iNdodana Yakhe, kumenza Yena loBaba babemunye. Yikho kuphela Ayengaba yikho.

164 UZekhariya 14:7, ngingatsho lokhu, kukhuluma ngokuKhanya kwantambama loMbiko njalo ngesikhathi sokucina. Likunanzelele lokho na? Abanengi abalandela uMose, babona iNsika yoMlilo eyambonakalisayo eNtabeni iSinayi. Wayefakaze ngayo, futhi wakhuluma ngaliNsika yoMlilo esixukwini futhi yayimtshelile luMbiko, abanengi babo babengeke baKukholwe. Kodwa abanengi abamlandela phandle kweGibhithe, baphuma emhlabeni futhi bachapha ulwandle lokwehlukanisa, futhi baya enkangala, babona iNsika yoMlilo efanayo akhuluma ngayo iqinisa lowo malusi-mprofethi ukuba ngumalusi wezimvu, baKubona, futhi abanengi babo babelokhu bengaKukholwa emva kokuba sebeKubonile.

165 Nanzelelani ukuba kanjani, njalo, uNkulunkulu ongasoze aguquke, uMalusi-Mprofethi oMkhulu, wabathatha labo abahlala ngaKuye lenkonzo Yakhe esiya eNtabeni iOlive; uMalusi-Mprofethi oMkhulu, Lowo esikhuluma ngaye, uJesu. [Indawo engelalutho ethephini—Mhl.]...?...futhi ngezwa uBaba, iNsika yoMlilo efanayo, imQinisa,

166 UNkulunkulu ofanayo uMose akhuluma ngaye, wabuya phezu kukaMose futhi wafakaza ngeNsika yoMlilo ukuthi WayenguJehova owayekhokhela uMose. UNkulunkulu wayeseiphakathi kukamalusi-mprofethi Wakhe.

167 Lapha Uthatha omunye uMalusi-Mprofethi, uMprofethi oMkhulu, iMvu uQobo, uJesu, futhi athathe ukhetho lwamadoda amathathu, futhi abahambise phezu kweNtaba iOlive, futhi lapho waqinisa uJesu. Futhi wazehlukanisa Sibisakhe kubo bonke abanye abantu, wathi, “Leyi yiNdodana Yami ethandekayo, umzweni Yena!” Futhi lapho bekhangela phezulu, ababonanga umuntu ngaphandle kukaJesu kuphela. Kunjalo. Waye Nguye. Manje, lokho kuqeda indaba, ngokuya kwami. Bona?

168 [Indawo engelalutho ethephini—Mhl.]...?... [Indawo engelalutho ethephini.]...?... ubuso. UMose wayesebukhloneni beShekhina eNtabeni iSinayi. Yaguqula ubuso bakhe. Lapho esehla phansi, wayemele a—afake iveyili ebusweni bakhe, umalusi-mprofethi uMose; lowo uJehova ayephakathi kwakhe, ngesabelo, isabelo nje, ubuso bakhe. WayeLizwi emlonjeni wakhe.

169 Kodwa nanzelela lapho uMalusi oMkhulu esebukhloneni beShekhina. Kwezani? Kwaguqula ubuso Bakhe bonke. Wayengayisiyo nje ingxenye kaNkulunkulu, WayenguNkulunkulu wonke! Waye nguEmanuweli.

Kungani kwakumele kube ngabelusi?

170 Khangelani! Bona, manje, uNkulunkulu soMandla ohambahambayo... ezifanekisa Sibisakhe, bengisitsho, kuMose umalusi-mprofethi. Khangela ukuthi uNkulunkulu wazazisa njani Sibisakhe. (Lesi yisitsho sami sokucina.) Mboneni, emile egcotshwe ebukhloneni beNsika yoMlilo! Kungelamuntu ngitsho entabeni kodwa uMose loJehova. Amen! *Ameni* kutsho “kakube njalo.”

171 Khangela! “Beka isandla sakho esifubeni sakho!” Kodwa, khangela lesi sibonakaliso sesibili manje silephimbo. “Beka isandla sakho esifubeni.” Asila sizatho sokukholwa ukuthi uMose wayesebenzisa isandla sokhohlo, ngakho kumele wayefake isandla sakhe sokunene esifubeni sakhe, ngoba abantu abanengi basebenzisa isandla sokunene. Wabeka isandla sakhe sokunene... Manje khangela! Ngumfanekiso bani esiwubonayo lapha, okaJehova kuMose umalusi-mprofethi! UMose emela



uNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu wayekuMose. Umkhangeleni ebeka esakhe. . . “Isandla esifubeni sakho.” Yisibonakaliso bani!

<sup>172</sup> Manje, nango emile, ebambe isandla sakhe sokunene enhliziyweni yakhe (emile njenga *lokhu*) lapho imfihlo ezifihlakeleyo zokuhlengwa zazifihliwe kusukela ekusekelweni komhlaba. Nanku kungani abelusi. UJesu yisandla sikaNkulunkulu sokunene, sonke siyakwazi. Nangu lapho uMose eMfanekisa khona kanye. Wabamba imfihlo zikaBaba, futhi wazitshengisa kithi. Nanzelelani, limkhangele ekhupha esifubeni sakhe isandla sakhe sokunene sitshaywe ngamalephero abulalayo. Kwatshengisa lokho uNkulunkulu ayengakwenza ngeSandla Sakhe Sokunene. Nanzelela, ubulephero abelapheki. Nanzelela, njalo, kwakungayisibo bulephero nje, kwakusesigabeni sakho sokucina, kumhlophe njengongqoqwane; isandla sakhe satshaywa ngento embi. Ukuthi uMose kufanele ngabe wezwa njani lapho edonsa isandla sakhe sokunene phezu kwenhliziyo yakhe, esikhupha esifubeni sakhe, futhi isandla sakhe satshaywa ngamalephero! Amalephero afanekisa isono, awelapheki, futhi ikakhulu esigabeni sawo sokucina.

<sup>173</sup> Futhi, bazalwane, yikho lapho umhlaba owawukhona lapho uNkulunkulu edonsa iSandla Sakhe Sokunene esifubeni Sakhe! Umhlaba watshaywa ngamalephero ayingozi, futhi akula muthi wakho ngitsho. Ngakho kunjalo lobubusuku, ngoba kabemukeli umuthi. Umuthi wenziwa eKhalvari, kodwa abantu bafuna ukuthatha incwajana kadokotela yemithi eyenziwe ngumuntu esikhundleni sencwajana enqunywe nguNkulunkulu ngesono.

<sup>174</sup> Nanzelelani akuzange kubuye mbijana mbijana, njengalokho ukumemetheka kobulephero kusenza, kodwa konke ngasikhathi sinye! Lapho edonsa isandla sakhe, satshaywa, sasigcwele ubulephero. Nanzelelani lokho uNkulunkulu akutshoyo, “Manje awusoze ungene esonweni mbijana mbijana; kodwa ngosuku usidla-ke, lolosuku uyakufa.” Futhi kunjalo, “Ngosuku usidla kikh.”

<sup>175</sup> Nanzelelani, kwakungumprofethi-malusi owazitshayayo sibusakhe. Wathatha, ngomlayo kaNkulunkulu, futhi wafaka isandla sakhe uqobo esifubeni sakhe, futhi wasidonsela phandle sitshaywe ngamalephero. umelusi umprofethi-malusi wakwenza sibusakhe. Futhi umProfethi-Malusi omKhulu, uJesu, wakwenza Sibusakhe, “Ngibeka impilo Yami phansi, akulamuntu ongayithatha Kimi.” Waye nguMalusi omKhulu, umProfethi-Malusi omKhulu, “Akula muntu okuthatha Kimi, Ngiyakwenza Sibusami.” Nanzelelani akuzange kubuye mbijana mbijana, kwabuya ngomzuzu. UMalusi omKhulu, Sibusakhe, wathatha icala lethu futhi wazitshaya Sibusakhe, wathatha izono zethu futhi wazibeka phezu Kwakhe. Akumangalisi imbongi yabhala:

Phakathi kwamadwala aqhekezekayo  
 lezibhakabhaka ezifiphalayo,  
 UMsindisi wami wagobisa ikhanda Lakhe  
 futhi wafa;  
 Iveli elivulekayo lembula iNdlela  
 Enjabulweni yaseZulwini losuku  
 olungelakuphela.

<sup>176</sup> Leyomfihlo yayisesifubeni sikaNkulunkulu yonke liminyaka, imbozwe ngesandla Sakhe sokunene, uJesu. UMalusi oMkhulu wathatha phezu Kwakhe icala lethu thina. UIsaya 53:6, wathi, “Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Wachotshozwa ngenxa yobubi bethu. Isijejiso sokuthula kwethu sasiphezu Kwakhe. Futhi ngamanxeba Akhe sisilisiwe.” Imfihlo kaNkulunkulu yokusilisa ihlezi esifubeni sikaJesu Khristu, kumbe uNkulunkulu, Wayesesandleni sokunene sikaNkulunkulu, yiyo kuphela iMvu eyabamba esifubeni Sakhe imfihlo. Yiso isizatho amathunzi Ayo angaphambili ayemele abe yimvu izikhathi zonke! Okokuqala kwakuyimvu, okokucina kwakuYimvu. Yiso isizatho kwakumele Kubuye kumalusi, ukwazi ukuthi agcine njani iZimvu Zakhe. Liyakuthola? Nanzelela, “Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, wachotshozwa ngenxa yobubi bethu, isijejiso sokuthula kwethu phezu Kwakhe.”

<sup>177</sup> Nanzelela, yeza ngokuphangisa; futhi yasuka ngokuphangisa, masinya lapho isandla sokunene sisuswa esifubeni okwesibili. Isifo esiyingozi sasesingasekho, lapho esidonsa okwesibili. Futhi lapho uMalusi oMkhulu, iMvu-Mprofethi, lapho Esithi...Esiphambanweni seKhalvari, lapho Esehadele isijejiso sesono kithi sonke, Wathi, “Kuphelile.” Isono sasesiphelile, isijejiso sabhadalwa, izikwelete zaxazululwa! Akuzange kuthathe umnyaka, kumbe ekucineni kwangena kikho ensukwini zabanye abaguquli kumbe enye into, kwapheliselwa khona lapho!

<sup>178</sup> Isono sangena ngesikhatshana, ngesiphambeko soMthetho kaNkulunkulu, ngokwephula iLizwi elilodwa. Lobubusuku, bazalwane bami, umphefumulo wenu uphezu kwesihogo ngeketane. Futhi leyoketane kayisiyo ethile imfundiso yesayensi yenkolo yamaseminari, iketani kayisiyo nhlanganiso yesonto kumbe esinye isivumankolo ophila ngaso, leyoketani yiLizwi likaNkulunkulu! UJesu wapha usendo lwabantu iLizwi Lakhe ukuphila ngalo, futhi uEva wephula kuphela isixhumaniso esisodwa esincinyane Sakho. Futhi i...loba yiphi iketani ayiqinanga ukwedlula lapho isixhumaniso esibuthakathaka khona. Lapho ususa iLizwi elilodwa...Lokho kwakuyikuqala kweBhuku.

UJesu weza phakathi laphakathi kweBhuku, futhi wathi, “Umuntu kayi kuphila ngesinkwa kuphela, kodwa ngalo

lonke iLizwi eliphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Lokho kwakuphakathi laphakathi kweBhuku.

Ukucina kweBhuku, Wathi, “Loba ngubani ozathatha iLizwi elilodwa (ukuchasisa ngokungayisikho iLizwi elilodwa), akhuphe iLizwi elilodwa phandle kwaLapha, Ngizasusa ingxenye yakhe eBhukwini lokuPhila.” Udlula phezu kwesihogo, ulenge eLizwini likaNkulunkulu. Ungavumeli umuntu acindezele enye into phakathi kwakho engasi ITSHO KANJE INKOSI!

<sup>179</sup> O, ngiyabona...Awu, bathi, “Sibili, sonke esikwenzileyo. Konke sikwenzile!” Yikho lokho mhlawumbe abapristi abakhulu futhi labo bacabanga ensukwini zikaMalusi oMkhulu. Yikho lokho uEva akucabangayo. Yikho lokho uSathane amtshela khona, “Sibili uNkulunkulu kasoze.” Kodwa Wakwenza, ngoba Wathi Uzakwenza. Futhi yiso isizatho Ezakwenza njalo lamuhla.

<sup>180</sup> Akumangalisi, njengoba Watsho, “Njengoba kwakunjalo ensukwini zikaNowa, lapho imiphefumulo eyisificaminwembili yasindiswa, ngamanzi, kuzakuba njalo ekubuyeni kweNdodana yomuntu.” Bona, balutshwana sibili, “Ngoba lincinyane isango, futhi indlela ilukhonjwana ekhokhelela ekuPhileni, futhi balutshwana abazayifumana.” Kunjalo. “Ngoba ibanzi indlela ekhokhelela ekubhujisweni, abanengi bazangena khona phakathi lapho.”

<sup>181</sup> Lapho uMalusi oMkhulu etshaywa, uMprofethi weZimvu oMkhulu, lapho Etshaywa emuva lapho, Wathi, “Kuphelile!” Futhi lowomzuzu, masinya lapho luMalusi etshaywa, kwasekuphelile. Isono siqediwe, kwakungasela sono. Babehlanzekile, isijeziso sabhadalwa. Amakholwa lawo amabizo abo ayelotshiwe eBhukwini lokuPhila, bemiselwe ngaphambili kusukela ekusekelweni komhlaba, kwaphela ngalowomzuzu ofanayo lowo uJesu athi kwasokuphelile. Yena, lowoMalusi oMkhulu, wayelande izimvu Zakhe. Kwaqedwa, isandla sikaNkulunkulu sokunene sadonswa esifubeni Sakhe, sitshayiwe. Khona-ke ngePhasika Wasibuyisela (ameni), wasiphakamisa njalo esifubeni Sakhe, futhi waselulela phansi kuwe lami, esimweni seLizwi Lakhe, ukusihlenga ukusibuyisela esivandeni sekuqaleni lokho isono esasikhupha khona. Imfihlo efihlakeleyo yenhliziyi Yakhe enkulu yambulwa nguMprofethi-Malusi. Kwembulwa nguMalusi, uMprofethi-Malusi.

<sup>182</sup> Akumangalisi intaba zeqa futhi zamemeza ngalolosuku. Akumangalisi ilanga lafihla ubuso balo futhi lamemezela intokozo. Akumangalisi imvelo yonke yakhululeka; umoya wanyikinya izihlahla zaze zanyikinyeka lokunyikinyeka, futhi zathokoza, lokweqa. Zabona umProfethi-Malusi, entabeni, ehlanga ibizo lonke eBhukwini lokuPhila. Futhi zabona ukuthi imvelo yazo uqobo yahlengwa! Zamemeza, futhi zeqa. Futhi

umhlaba wangena ekuzamazameni. Futhi intaba zaqhekezeka, futhi amadwala awela phansi. Futhi ilanga latshona. Futhi—futhi yonke into yathathindawo. Njengawuphi umhlangano, lapho uMalusi esembula kuwe ukuthi “kuphelile!” Lapho. . .

<sup>183</sup> Sengabona amadlabuzane okweqa, lamadlabuzane entokozo, kodwa kwakungelamuntu owalimalayo. Izintaba zaduma, futhi za. . .ilanga latshona, futhi yonke into yathathindawo, kodwa kwakungelamuntu owalimalayo. Futhi ngabona imihlangano lapho amandla kaNkulunkulu ambulwa ebantwini ukuthi babe “khululise emhlabeni lezinto zomhlaba,” lentokozo yeNkosi yagcwaliwe ibandla. Bema futhi bamemeza, futhi bakhala, futhi bamemeza ngaphezu kwephimbo labo, okwenkazimulo kaNkulunkulu. Kangikaze ngibone loba yini engekho ohlelweni, babehlezi besohlelweni; ngoba babenanzelele ukuthi, ibizo labo elalibhaliwe eBhukwini lokuPhila leWundlu ngaphambi kokusekelwa komhlaba. UProfethi-Malusi wayebalethele uMbiko, futhi bakhululwa, uMprofethi-Malusi. Kungenani lokuthi zathini ezinye izigaba zobufundisi ezakutshoyo Ngakho, bakwazi lokho okwakenzakele. Njengalokho labo belusi abakwenzayo emuvala, babakwazi lokho okwathathindawo.

<sup>184</sup> Akula muntu olungelo lokungena etafuleni elingcwele ukutshumayela iLizwi aze enze njengoMose akwenzayo, ahlangane loNkulunkulu, sibisakhe, phezu komhlabathi lapho okungelasazi senkolo ongaKutshaya indiva. UMose wayelapho! Kungenani lalokho izithunywa zikaIsrayeli ezakutshoyo, “o, kwakungumbhedo, ucabangele nje ukuthi ubone lokhu; ngumbhedo,” wawungeke ukuse Lokho kuye, wakwazi! Wayelapho! Nguye okwenzakala kuye! Futhi akulamuntu nge—ngedigri lesayensi yezenkolo kumbe elinye idigri lobudokotela olungelo ngemuva kwephuluphithi, ukuthatha uMbiko kaJesu Khristu, aze kuqala ahlangane loNkulunkulu ubuso ngobuso eNsikeni yoMlilo. Akala lungelo ukuzibiza sibisakhe isithunywa, ngoba zonke izazi zenkolo emhlabeni bangeke bakuchasise Lokho bakuse kuwe. Kwenzakala kuwe! Wawukhona, uyazi mayelana Ngakho. Akulandaba ukuthi omunye umuntu uthini, kumbe bangatsho okunganani, “insuku sezedlula, akunjalo,” wena. . .kwenzakala kuwe, futhi kuhambelana leLizwi.

<sup>185</sup> Yebo, yiso isizatho uMose wayesazi iPhimbo leli lalikhulume laye, kwakuliPhimbo leLizwi. Wazi ukuthi uNkulunkulu wayetshela uAbrahama, “Inzalo yakho izahamba okweminyaka engamakhulu amane, kodwa ngizakubakhulula.” Futhi wayesazi iminyaka engamakhulu amane yayisifikile futhi wabizelwa ukukwenza.

<sup>186</sup> Madoda labafazi, uNkulunkulu wathembisa kulezi insuku zokucina ukuthi Uzakuthulula uMoya Wakhe phezu kwenyama yonke. Wathembisa ukuthi Uzathumela uBhaphathizo lukaMoya

oNgcwele, futhi Wayezakubiza uMlobokazi ongela tshatha kumbe ukutshwabhana. Wathembisa ukukwenza, Uzakwenza. Ungalaleli kulaba abelusi abaqhatshweyo, bazakukudukisa. UMoya oNgcwele nguMalusi ukukondla ngokudla kwezimvu okuvela kuleliLizwi. Kuhlezi kusiza ngoMalusi. UnguMalusi wethu. Muzwenini Yena, liyizimvu zomhlambi Wakhe; nxa linjalo, lina zwanini iPhimbo Lakhe. Hatshi lokho omunye umuntu akutshoyo, wena zwana lokho Akutshoyo. Iphimbo elingaziwayo, awazi lutho ngakho.

<sup>187</sup> O, mina, lalela kumalusi-mprofethi omkhulu njalo, echasisa lokwazisa kibo, UJohane, lapho esima emfuleni weJordani, khangela lokho akutshoyo, wayemi lapho etshumayela, wathi, “Thola liyeza . . .”

<sup>188</sup> Nanzelela, uJohane wayeyindodana yompristi. Babelezi belandela u—umzila waboyise wabo, yiyo indlela esithole ngayo amabizo ethu, ngalokho abakwenzayo, bababiza lokho. Futhi uJohane wayemele abe ngumpristi njengoyise.

<sup>189</sup> Futhi, liyazi, umama wakhe, lapho esekhulelwe, emva iNgilosi yeNkosi isihlangane loyise wakhe uZakhariya, futhi waya ngekhlanya kuElizabethi, futhi wayesevele elenyanga eziyisithupha phakathi, ukuba ngumama, kodwa wayengakabi lempilo lesosikhathi, weyesesaba ngoba ingane yayingakanyikinyeki. Lokho akujwayelekanga.

<sup>190</sup> Futhi uMoya oNgcwele, iNgilosi yeNkosi yabonakala kuMariya, futhi yamtshela ukuthi waye “zakuba lengane, engazindoda,” futhi yamtshela ngesimo sikaElizabethi.

<sup>191</sup> Wenyukela emaqaqeni aseJudiya, ukuyatshela uElizabethi. Futhi lapho ehlangana loElizabethi, wamtshela ukuthi “wayezakuba ngumama.” Futhi wayengakuzwisisi, “engazindoda.” Kodwa wathi, “UMoya oNgcwele wangimboza, futhi wathi liNto eNgcwele ezazalwa yimi izakubizwa i ‘Ndodana kaNkulunkulu,’ futhi ngizabiza iBizo Lakhe ‘Jesu.’” Futhi isikhathi sokuqala ukuthi ibizo uJesu lakhulunywa endebeni zomuntu, ingane encinyane efileyo, esiswini sikanina, yeqa ngentokozo futhi yamemeza; futhi weqa esiswini sikamama, futhi yayingakamukeli impilo ngalesosikhathi.

<sup>192</sup> IBizo likaJesu Khristu lakhuluma impilo kungane efileyo. Kuyini Okumele kukwenze ebandleni elizitsho ukuba lizelwe kutsha?

